



INGEDE

Lishicilelwe yi - SOUTH AFRICAN SUGAR ASSOCIATION EXPERIMENT STATION

September 2004, Vol. 7, No.2



UHLELO LOKULIMA LWASE MATHOLAMNYAMA

Iprojekthi yase Matholamnyama eNdwedwe yezindlela lapho abalimi belima ngokuhlanganyela. I projekthi ihlanganisa abantu abangu 162 epulazini elingamaheke angu 528. Umnyago wezolimo nezemvelo waxhasa ukulungiswa nokutshalwa kwensimu yembewu engamaheke angu 155. Inkampani yakwa Tongaat-Hulett e Maidstone yanikela ngembewu ezotshalwa kulensimu. Abakwa Unitrans baxhasa ngokuthuthwa kwembewu mahala kanti abakwa John Deere balekelela ngokwenza konke ukulungiselela ukutshala.



Lapha kulungiselelwa ukutshalwa eMatholamnyama.



Amasimu ahlukeni abalimi abalima ezingeni elincane asehlanganiwe aba ipulazi elikhulu.

UHLELO LOKULIMA LWASE GQUQGUMA

Iprojekthi yase Gququma isendaweni yase Wartburg. Abalimi abangu 112 abalima ngokuhlanganyela endaweni engamaheke angu 130 kanti umoba olinganiselwa ukuvunwa kulonyaka ungamathani angu 4047. Uma seyiphelile I projekthi amaheke angu 150 azobe esetshaliwe kanti lokho kuzonyusa isivuno sifike ku 6000. Lendlela yokulima izosiza abalimi ukuthi bathole izephulelo uma beyothenga omanyolo, izibulala-khula kanye nakosonkontileka. Ukulima ngokuhlanganyela kuthakaselwe kakhulu embonini kashukela ngenxa yomthelela omuhle okuzoba nawo kubalimi abalima ezingeni elincane. Le projekthi seyike yavakashelwa Amakhosi aseShowe ngomhlaka 25 ku Ephreli 2003 ezozibonela wona mathupha ukuphumelela kwabalimi. Impumelelo yale projekthi incike kakhulu ekusebenzisaneni kwabalimi abakhulu nabalima ezingeni elincane.



Ipulazi laseGququma lapha abalimi betshale ngokuhlanganyela.



Abalimi betshala udedangendlale wepulazi labo abalima ngokuhlanganyela kulona.



UKUTSHALWA KOMOBA

Ikhasi 1

Ukukhetha Indawo

- Uma indawo ingakaze ilinywe kudingeka imvume
- Ukwehlela kumele kube ngaphansi kwamaphesenti angu 22
- Ingabe umhlabathi ujule ngokwanele?
- Ingabe uhlobo lomhlabathi lukulungele ukutshala umoba?
- Ingabe luyadingeka uhlelo lokusebenza kwendawo (LUP)?



Ukuhlolwa kokujula nohlobo lwenhlabathi



Insimu elungele ukutshalwa

UKUTSHALWA KOMOBA

Ikhasi 2

Ukulungisa indawo

Inhloso yokulungisa kahle indawo uku:

1. Bulala umoba omdala

- Uma isivuno sehle kakhulu
- Ukunqanda izifo
- Ukushintsha inhlobo yamoba



2. Ukulungisa lapho uzotshala khona

- Engenamagabade
- Susa umoba omdala oyizixhanti
- Khipa amavolontiya
- Ukuvula imisele ozotshala kuwona (100mm)



UKUTSHALWA KOMOBA

Ikhasi 3

Izindlela zokulungisa indawo

Ukutshala ungalimanga noma ulime kancane

Izinto zokusebenza: ugandaganda, igeja, isigubhu sokuchela uphoyiseni

- IGlyphosate isetshenziswa ukubulala umoba omdala
- Kunciphisa ukuguguleka komhlabathi
- Kunconywa ukuba isetshenziswe endaweni eyehlelayo kakhulu > 12%
- Inconywa esihlabathini
- Ingasetshenziswa phakathi kuka November - March
- Izindleko ziphansi ehlobo



Old crop Intertow

Ukutshala ngokulima

Izinto zokusebenza:

ugangaganda, igeja ne hala

- Ingenziwa kuphela ebusika kusukela ku April - September
- Ungakwazi nokufaka umcako
- Ayizilungele izindawo ezingamaqele
- Izindleko ziphezulu



UKUTSHALWA KOMOBA

Ikhasi 4

Ukuhlukana kwamalayini kanye nokujula kwemisele

Ukuhlukana kwalayini

- Kuncike kuhlobo lomhlabathi nendawo yakho
- Ukuhlukana kwamalayini okwejwayelekile u 1m noma 1,2 m



Ukuhlukana kwamalayini

Ukujula kwemisele

- Ijule ngo 100 mm



100 mm

Ukujula kwemisele

UKUTSHALWA KOMOBA

Ikhasi 5

Imbewu

Ukukhetha inhlobo yomoba kuncike:

- Esikhathini sokuvuna: Ezinyangeni eziwu 12 noma 24
- Uhlobo lomhlabathi
- Lapha uzotshala khona, esigodini noma egqumeni
- Uzovunwa ngasiphi isikhathi onyakeni
- Ibanga eliya emshinini



Seedcane harvesting

Ubuhle bambewu

- Imbewu engenasifo nezinambuzane
- Ubudala bambewu (Izinyanga eziwu 10-14)
- Funa imbewu kusasele unyaka ukuthi utshale



UKUTSHALWA KOMOBA

Ikhasi 6

Indlela yokutshala

Ukufakwa kukamanyolo

- Thela umanyolo kumalayini
- Thela ngaphezulu emva kwamasono angu 12



Izinga lokufakwa kwembewu

- 6 Tons - ugongolo olulodwa
- 8 Tons - Uhafu logongolo
- 10 Tons - Izingongolo ezimbili



Ubude bamasethi

- Shiya amalunga awu 3-4
- Nqanda iRSD - Amanzi angamalitha awu 5 kanye noshibhoshi ongu 500 ml



Ukugqitshwa komoba

- Ebusika (Akujulile) - 50 mm
- Ehlobo (Kujulile) - 100 mm
- Kumele kubhekwe ukuthi umhlabathi
- Sebenzisa izibulala - khula ukunqanda ukhula lungakaveli emva kokutshala



AMASU ASEMQOKA

September, October no November

- Amanani kamanyolo asenyuke kakhulu kuleminyaka edlule. Ngakho-ke ukuthatha amasampula kuzokusiza ukuthi wakhe uhlelo lukamanyolo oluzokongela imali. Ukufaka ongafanele kunomthelela omubi kakhulu esimweni somoba wakho.
- Qiniseka ukuthi isigubhu sakho saphoyizeni sisesimweni esihle
- Kubalulekile ukuthi uchele isibulalakhula ngesikhathi esifanele uma ulwa nokhula
- Isomiso senze ukuthi ukhula lungaveli ngokushesha. Kodwa-ke uma nje izimvula zokuqala zifika, luzovumbuka. Shesha-ke ufake isibulalakhula esivimba ukhula lungakaveli.
- Yenza zonke izinhlelo zokutshala. – xoxisana nosonkontileka mayelana nenani, isikhathi sokulungisa insimu ukuze kutshalwe, lungisa ma oda embewu, amanyolo kanye nembewu.
- Indlela yokulima ungawuphazamisi umhlabathi iyona ndlela engenabungozi kanti eshibhile uma utshala.
- Qinisekisa ukuthi imbewu ozoyitshala ihloliwe ithimba elibhekela ukuhlolwa kwezifo nezinambuzana ngoba kubalulekile ukutshala imbewu ephilile.
- Ukongiwa komswakamo kubalulekile ngesikhathi sokutshala. Qiniseka ukuthi misele yakho ayihlali isikhathi eside ingagqitshiwe uma umoba usufakiwe. Imisele akumele ishone ngaphezu kwa 200mm.
- Ndlala itashi namathophisi ensimini emva kokuhlahla. Lokhu kuzokusiza ukuvimba ukhula kanye nokonga umswakamo ensimini yakho.
- Buza umeluleki wakho wezolimo mayelana nokutshala izitshalo ezondla umhlabathi. Lokho kwenza ngcono impilo yomhlabathi wakho
- Umoba oshaywe kakhulu isomiso kumele nawo uhlahlwe kulesizini noma umfushane. Kuyancomeka ukuthi uqale ihlobo nehulumela elisha kunokulinda umoba ohlukumezekile ukuthi ukhule.



IMIFUNDAZE YEMBONI KASHUKELA KA 2005!!!

Isikhwama semboni kashukela I SITFE nesasungulwa ngo 1965 ngenhloso yokukhiqiza amakhono afanele kweze Sayensi, kwezo Limo, nakwezobu Njiniyela ezindaweni ezitshalwe umoba, sesiphinde sakhapha imifundaze yango 2004.


Ukuze ube ngomunye wabacatshangwelwayo mayelana nalemfundaze kumele ube nalokhu okulandelayo:

- Ube ngumfundi osenza unyaka wakhe **wesibili** ezifundweni zezo-Limo, eze Sayensi noma kwezobu Njiniyela.
- Kumele ube umfundi owenza izifundo zakhe ekolishi lezolimo, eNyuvesi noma e Technikon esendaweni etshalwe umoba.
- Kumele ube ngumfundi ongenasikweletu nesikhungo lesi ofunda kusona ngonyaka ozothola ngawo umfundaze.
- Kumele ube isakhamuzi salapha eNingizimu Afrika futhi ube nokuxhumana okuthile nemboni kashukela.

Kulonyaka izicelo ziyokwamukela kusukela enyangeni ka Mbasa (April)

Amafomu ayatholakala kulezizindawo ezilandelayo:

Emahovisi osizo lwezimali ezikhungweni zemfundo ephakeme,, emhovisi akwa Canegrowers ezifundeni, emahovisi amakomidi abalimi, kondabazabantu basemshinini. Ungakwazi futhi ukufaka isicelo kwi internet kulelikheli www.sasa.org.za. Uma ufuna ulwazi olwengeziwe ungaxhumana nabomnyango wentuthuko kwaShukela kulenombolo 031 508 7030



IZINHLELO ZEZOLIMO EMISAKAZWENI

Ukhozi FM ku 90.1 – 107.5 fm

Izindaba zabalimi NgoLwesithathu ngo 04h15 – 04h45 Ekuseni
Cobela kufalaza mlimi NgoLwesihlanu ngo 03h45 – 04h45 Ekuseni

Radio Maritzburg ku 107.6 fm

Vuk' uzenzele Ngo Msombuluko ngo 05h00 – 06h00 Ekuseni
Vuk' uzenzele Ngo Lwesithathu 05h00 – 06h00 Ekuseni

Radio Khwezi ku 90.5 no 107.5 fm

Ezolimo nomnotho NgoLwesine ngo 05h05 – 05h35 Ekuseni
Ezolimo nomnotho (R) NgoLwesine ngo 19h05 – 19h35 Ebusuku

Icora FM ku 100.4 fm

Kumnand' ekhaya NgoLwesibili 10h00 – 11h00 Ekuseni
Phezu komkhono NgoLwesithathu 19h00 – 20h00 Ebusuku

Imbokodo FM ku 96.8 fm

Ezolimo NgoLwesihlanu 05h00 – 06h00 Ekuseni